Isifundo 10 **Ncwaba 28-Mandulo 3*

Ukuphumula KweSabatha

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku: *Gen. 1:26, 27; Gen. 9:6; 2 Petru 2:19; Roma 6:1-7; Eks. 19:6; Johane 5:7-16.*

Indimana Yekhanda: **"Umsebenzi uyakwenziwa izinsuku eziyisithupha; kepha ngosuku lwesikhombisa kuyiSabatha lokuphumula okuzothileyo, umhlangano ongcwele, ningasebenzi msebenzi; kuyiSabatha kuJehova ezindlini zenu zonke"** *(Levi. 23:3)***.**

Sizwa izinkulumo eziningi ezisola ukugcinwa kweSabatha losuku lwesikhombisa, akunjalo yini? Sizwa kuthiwa uJesu walishintsha iSabatha kwaba yisonto, noma kuthiwa uJesu walichitha iSabatha, noma lachithwa uPawulu, noma abaphostoli bachibiyela iSabatha ngeSonto ukuhlonipha uvuko lukaJesu, njalo njalo. Kuleminyaka yakamuva-nje, izimpikiswano seziphucuzekile, njengoba kuthiwa uJesu ungukuphumula kwethu kweSabatha, ngakhoke, asidingi ukugcina usuku ngcwele. Kanti-ke, bayohlala bekhona abathi ngokugcina iSabatha, sizama ukusebenzela ukungena ezulwini.

Ngakolunye uhlangothi, amanye amaKrestu anomdlandla kulomqondo wokuphumula, usuku lokuphumula, nakuba bethi lolosuku yiSonto noma bathi akubalulekile ukuthi yiluphi, bayakwamukela okushiwo yiBhayibheli mayelana nokuphumula,nokubaluleka kwako.

Thina-ke njengamaSeventh-day Adventist, siyazi ukuthi umthetho kaNkulunkulu uhlala kuze kube phakade, nokuthi ukulalela umyalo wesine njengoba ubhaliwe, akusho ukuzama ukusebenzela izulu, njengoba kunjalo nokugcina umyalo wesihlanu, owesithupha, owokuqala, noma yimuphi omunye.

Kulelilviki sizoke sibukisise ukuphumula esikuphiwe nguNkulunkulu ngomyalo weSabatha, nokuthi kungani kubalulekile.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabaha likaMandulo 4.*

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 76 2021/06/21 14:51

ISabatha Nokudalwa

Kuyo yonke imiyalo eyishumi, owesine kuphela oqala ngesenzo esithi "Khumbula." Akushiwo ukuthi "Khumbula, ungebi," noma "Khumbula, ungafisi." Kuthiwa-nje: "Khumbula usuku lweSabatha…."

Umqondo "wokukhumbula" uthatha ngokuthi kukhona okwenzeka ngaphambili esidinga ukukukhumbula. Uma sikhumbula, sixhumana nesikhathi esedlule, kanti ukuthi "Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lungcwele" kusixhumanisa neviki okwadalwa ngalo.

Funda: uGenesise 1:26, 27 noGenesise 9:6. Lezindimana zisifundisani mayelana nokubaluleka kwethu thina bantu, nokuthi sehluke kakhulu kangakanani kuyo yonke enye indalo kaNkulunkulu yasemhlabeni? Futhi kubaluleke ngani ukuthi siwazi lomehluko?

_____

_____

Uma sikhumbula ukudalwa, sikhumbula ukuthi sidalwe ngokomfanekiso kaNkulunkulu, okuyinto engashiwongo ngokunye okudaliwe. Kusobala ukuthi njengabantu, sehluke kakhulu kwezinye izidalwa emhlabeni, kungakhathalekile ukuthi kunokufana okungakanani kolibo-fuzo (DNA) nezinye izilwane. Futhi, ngokuphikisana nenkulumo ejwayelekile, asizona izimfene ezithe ukuthuthuka. Njengabantu abadalwe ngokomfanekiso kaNkulunkulu, sehlukile kukho konke akudalile emhlabeni uNkulunkulu.

Indaba yokudalwa isikhumbuza kanjani ngobudlelwane bethu nendalo na?
*Genesise 2:15, 19***.**

_____

_____

Ukwazi ukuthi uNkulunkulu wadala nomhlaba wethu, kusikhumbuza nomsebenzi wethu oqondene nendalo. Kufanele "sibuse" phezu kwendalo. Ukubusa akusho ukuyixhaphaza. Kufanele sibuse njengababambele uNkulunkulu. Simelwe ukuxhumana nendalo ngendlela uNkulunkulu abezoxhumana ngayo nayo.

Yebo, isono sonakalise yonke into, kodwa lomhlaba useyindalo kaNkulunkulu, futhi asinikwanga ilungelo lokuwuxhaphaza, kakhulukazi ngendlela ezolimaza abanye abantu, okuyinto eyenzeka njalo-nje.

Ngaphandle kokuba yisikhumbuzo sikaNkulunkulu uMdali, ukugcinwa kweSabatha kungasisiza ngaziphi izindlela ukubona isidingo sethu sokuba yizinceku ezinhle ngendawo esizungezile?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 77 2021/06/21 14:51

Ukugubha Inkululeko

Njengoba sibonile ngaphambili, iSabatha alikhombi nje kuphela ezinsukwini zokudala. Isikhathi sesibili esizwa ngaso ngemiyalo eyishumi, uMose ubukeza iminyaka engu 40 kaIsrayeli ehlane. Ngalesikhathi, umusho oyisingeniso sesizathu sokugcinwa kweSabatha ngcwele, awukhulumi ngokudalwa, kodwa ngokukhululwa ebugqilini baseGibithe *(Duter. 5:12-15)*.

Nakuba namhlanje, singezona izigqila eGibithe, sonke singaba yizigqila ngenye indlela, ubugqila obungasicindezela njengobaseGibithe.

Yibuphi obunye ubugqila esingabhekana nabo namhlanje? Funda uGenesise 4:7, amaHeberu 12:1, no 2 Petru 2:19.

_____

_____

ISabatha ukugujwa kokukhululwa kuzo zonke izinto ezisigqilazayo. NgeSabatha, sikhunjuzwa ukuthi kukhona ukukhululwa esonweni, hhayi ngawethu amandla, kodwa ngamandla kaNkulunkulu esiwaphiwa ngokukholwa. Futhi sikhunjuzwa ukuthi asikusebenzelanga lokhu kukhululwa. Amazibulo akwaIsrayeli asinda ngenxa yegazi lewundlu elalibhecwe ezinsikeni zeminyango ngobusuku abaphuma ngabo eGibithe *(Eksoduse 12)*. Nathi, sisindiswe ngegazi leWundlu, manje kufuneka sihambe enkululekweni ekuKrestu.

Funda: kumaRoma 6:1-7. Uthini uPawulu lapha olungaxhunyaniswa nalokho esikuphiwe kanye neSabatha?

_____

_____

Ngamazwi kaDuteronomi 5:15 uqobo—"Wokhumbula ukuthi wawuyinceku ezweni laseGibithe nokuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakukhipha khona ngesandla esinamandla nangengalo eyeluliweyo" abantu bayakhunjuzwa futhi, ukuthi kwakungamandla nomsebenzi kaNkulunkulu, okwabasindisa. Kangakanani-ke thina maKrestu ukuthi sibone ukuthi amandla nomsebenzi kaKrestu kuphela okusisindise esonweni?

Lomyalo usitshela ukuthi asiphumule osindisweni esilwenzelwe nguNkulunkulu ngengalo yaKhe enamandla. Sikhululiwe kweyethu imizamo yokuzitholela ukulunga, uma sikhumbula ukuthi uNkulunkulu unguMdali, nokuthi singamethemba ukuthi uzosidala kabusha, asikhulule khona manje, ebugqilini besono uma simvumela ukuthi asebenze kithina.

Athini awakho amava ngokugqilazwa yisono? Singafunda kanjani ukuzithathela izithembiso esiziphiwa nguJesu, zokukhululeka ebugqilini?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 78 2021/06/21 14:51

Isihambi Ngaphakathi Kwamasango Akho

Funda: uEksoduse 19:6. Lendimana isitshelani ngesimo sikaIsrayeli wasendulo? *(Bheka no 1 Petru 2:9)***.**

_____

_____

UIsrayeli wabizwa ukuba aphume eGibithe azokuba yisizwe sikaNkulunkulu sesivumelwano, okuyisizwe okwakuzokuthi uma sasethembekile, asabalalise ngaso ivangeli emhlabeni. Ngaphandle kwemibuzo, babeyizintandokazi zikaNkulunkulu, bephiwe amalungelo akhethekile, kanti kusenjalo, babenikwe nemisebenzi ekhethekile.

Funda: uEksoduse 23:12. Yini enye eyenzekayo lapha? Lendimana isifundisani ngendlela uNkulunkulu ayebuka ngayo abanye ngaphandle kukaIsrayeli uqobo?

_____

_____

Kuyabaphamba abantu abaningi ukuthi iSabatha elabantu bonke. Iphutha elejwayelekile yilelo elithi iSabatha elamaJuda kuphela, okuyiphutha elidaluliwe ezahlukweni ezimbili zokuqala zikaGenesise. UNkulunkulu wadala bonke abantu, ngakhoke bonke abantu bamelwe ukukhumbula usuku lweSabatha.

Nakuba kufanele sihlale sazi ukuthi lisho ukuthini iSabatha kithina, sidinga ukukhumbula futhi ukuthi kufanele lisitsheleni ngabanye abantu. Ngenye indlela, ukuphumula kwethu nobudlelwane bethu noMdali noMsindisi wethu kuzosenza sibuke abanye abantu ngamehlo amasha, sibabone beyizidalwa ezenziwe nguYe lowo Nkulunkulu owadala thina, ezithandwa njengoba nathi sithandwa, nowazifela njengoba nathi wasifela. Njengoba sibonile *(Eks. 20:10, Duter. 5:14)*, izisebenzi, izihambi, ngisho nezilwane, azithole ukuphumula kweSabatha.

Ukuthi nezihambi ezingaphakathi kwamasango abo, labo abangakabi nesabelo kuzo izithembiso zesivumelwano ezanikwa uIsrayeli—nabo abazijabulise ngokuphumula kweSabatha, kusho lukhulu. Abantu, nezilwane, abangaxhashazwa, abangaphathwa ngesihluku, abangagetshengwa. Isonto ngalinye, amaHeberu (nathi futhi) ayedinga ukukhunjuzwa ngendlela enamandla ukuthi kuningi kangakanani okufanayo phakathi kwethu nabanye abantu, noma sithola izibusiso namalungelo athile abanye abangawatholi, kufuneka sikhumbule ukuthi siseyinxenye yomndeni wabantu njengabo, ngakhoke kufuneka siphathe abanye ngenhlonipho nesithunzi.

Kungenzeka kanjani ukugcina kwakho iSabatha kube yisibusiso kwabanye abangaligcini? Ungalisebenzisa kanjani iSabatha njengendlela yokufakaza kwabanye abantu?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 79 2021/06/21 14:51

Ukukhonza Abanye Kuphakamisa iSabatha likaNkulunkulu

Ngezikhathi zeTestamenteni eliSha, abaholi bezenkolo benza ukugcinwa kweSabatha kwaba ubuciko. Kwakunemitheshwana eminingi nezenqabelo, zokusiza ukuthi abantu bagcine iSabatha ngcwele.

Lemitheshwana yayihlanganisa nokwenqabela ukubopha noma ukuthukulula noma yini, ukwehlukanisa izintambo ezimbili, ukucisha umlilo, ukuthutha okuthile phakathi kwasesidlangalaleni nendawo yomnikazi, noma ukuthutha noma yini ibanga elingaphezu kwalelo elivunyelwe.

UJesu usolwa ngani kuJohane 5:7-16?

_____

Abaholi abasinakanga isimangaliso esasenziwe nguJesu ekhulula lendoda ekuguleni kwayo, banaka ukuthi yayithwele ucansi lwayo esidlangalaleni ngeSabatha. Esikhundleni sokubuka indlela "iNkosi yeSabatha" *(Marko 2:28)* eyasebenzisa ngayo lolusuku olukhethekile, abaholi babezimisele ngokusebenzisa imithetho yabo. Sidinga ukuqaphela ukuthi nathi ngeyethu indlela, naphansi kwesethu isimo singenzi amaphutha anjalo.

UIsaya 58:2, 3 uyichaza kanjani indlela kaNkulunkulu yokugcinwa kweSabatha?

_____

_____

UNkulunkulu akafuni ukukhonzwa okuyize noma ukuthula kobungcwele-ngcwele. Ufuna abantu baKhe baxhumana nabanye abantu, kakhulukazi ababukelwa phansi nabangenamalungelo.

UIsaya ukubeka obala lokhu kuIsaya 58:13, 14: "Uma ulubuyisa unyawo lwakho kulo iSabatha, ukuze ungenzi umsebenzi wakho ngosuku lwaMi olungcwele, ulibize iSabatha ngokuthi intokoo, nolungcwele lukaJehova ngokuthi lunodumo, uludumise, ungahambi ngezindlela zakho, ungawuqhubi umsebenzi wakho, ukhulume ize, khona uyakuzijabulisa kuJehova, ngikukhweze ezindaweni eziphakemeyo zomhlaba, ngikuphe ukuba ulidle ifa likaJakobe uyihlo, ngokuba umlomo kaJehova ukukhulumile" *(Isaya 58:13, 14)*.

Ukuzithokozisa noma ukuqhuba umsebenzi wakho *(Isaya 58:13)* kufana nokunyathela ngezinyawo iSabatha (*NRSV)*. Izinhlelo zabantu aziyona inxenye yalokho okumiselwe iSabatha. Kunalokho, simenywa ukuba sifune labo abahluphekayo, ababoshiwe, abalambile, nabahamba-ze, behamba ebumnyameni, okungekho muntu okhumbula amagama abo. Ukwedlula ezinye izinsuku zesonto, iSabatha lifanele lisikhulule ebugovini bethu lisenze sicabange ngabanye abantu nezidingo zabo kunokuzicabanga thina sodwa nezidingo zethu.

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 80 2021/06/21 14:51

Uphawu Lokuthi Singabaka Nkulunkulu

Ngesikhathi sempi yomhlaba yesibili, izwe laseNgilandi lalilindele ukuhlaselwa elaseJalimane. Kwenziwa amalungiselelo okuvikela elaseNgilandi. Kwafakwa izivikelo ezenezelwe ogwini lolwandle. Imigwaqo kodwa yayizosiza isitha sihambe kalula ukufeza izinhloso zaso, kanjalo-ke, kwabekwa izivimbandlela ezindaweni ezibalulekile. Abasemagunyeni base benza okungajwayelekile. Ukuze badide isitha futhi basilibazise, kwasuswa imikhombandlela. Imikhombandlela ebhalwe ematsheni ngoba ingenakususwa, yambozwa ngosimende.

Zibalulekile izibonakaliso. Ziyiziqondiso. Ingakabikhona iGPS, sonke sasinamabalazwe, siqaphela izibonakaliso.

ISabatha liwuphawu lwani? Funda uEksodusi 31:13, 16, 17. Namhlanje singakusebenzisa kanjani okushiwo lapha thina bantu abakholwa ukuthi umthetho kaNkulunkulu uyohlala njalo, awushintshi?

_____

_____

Nakuba lamazwi ayeqondiswe ngqo kuIsrayeli wasendulo, thina esingabakaKrestu "siyimbewu kaAbrahama, nezindlalifa ngokwesithembiso" *(Gal. 3:29)*, kanti iSabatha namhlanje lilokhu liwuphawu phakathi kukaNkulunkulu nabantu baKhe. UEksoduse 31 uthi iSabatha liwuphawu lwaphakade lwesivumelwano *(Eks. 31:16, 17)*. Loluphawu luyasisiza "ukwazi" uMdali wethu, uMsindisi wethu, naLowo osingcwelisayo. Lufana neflegi eliphakanyiswa njalo ngezinsuku eziyisikhombisa, lisebenze njengento yokusisiza sikhumbule, njengoba singabantu abakhohlwayo.

ISabatha likaNkulunkulu liyisikhumbuzo semvelaphi yethu, ukukhululwa kwethu, nokuthi siyaphi, nomsebenzi wethu mayelana nalabo abangenawo amalungelo. Empeleni, iSabatha libaluleke ngendlela yokuthi esikhundleni sokuthi thina siye kulo, lona liza kithina, iviki ngeviki, lingaphuthi, okuyisikhumbuzo sokuthi singobani, senziwa ngubani, usenzelani, nokuthi ekugcineni uyosenzelani uma esedala amazulu amasha nomhlaba omusha.

UNkulunkulu ongcwele umema abantu besivumelwano abasebenzisana naYe ukuthi bacabange ngesigqi salokho okubalulekile—ubudlelwane bokusindisa phakathi koMdali onguMsindisi nezidalwa zaKhe eziphambukile. Iviki ngalinye, ngomfutho namandla avela kuNkulunkulu, siyayalwa ukuba singene ekuphumuleni esikuphiwe ngesihle kuKrestu Jesu, "uMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu, owathi ngenxa yentokozo ayibekelwe ngaphambili wadela isiphambano" *(Heb. 12:2)*.

Ungafunda kanjani ukumazi ngokujulile uNkulunkulu ngosuku lweSabatha?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 81 2021/06/21 14:51

Ukujula Nomcabango: "Isonto lonke kufuneka sizindle ngeSabatha, senze amalungiselelo okuligcina ngokwendlela yomyalo. Akufuneki siligcine-nje, ngoba kusho umthetho."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 353.

"Izulu lonke ligcina iSabatha, kodwa hhayi ngendlela yokuvilapha, kungenziwa lutho. Ngalolusuku, onke amandla omuntu kufuneka aphaphame, ngoba phela, akusona yini isikhathi sokuhlangana noNkulunkulu noKrestu uMsindisi wethu leso? Singambona ngokukholwa. Ulangazelele ukusivuselela, asibusise sonke."—Ikhasi 362.

"Izimfuno eziza kuNkulunkulu ziningi ngeSabatha ukwedlula ezinye izinsuku. Abantu baKhe bashiya imisebenzi yabo ejwayelekile, bachithe isikhathi bezindla, bedumisa. Banezicelo eziningi ngeSabatha ngaphezu kwezinye izinsuku. Bafuna ukunakwa okukhethekile. Balangazela izibusiso ezikhethekile. UNkulunkulu akalindi kuze kudlule iSabatha ukuze afeze lezicelo. Umsebenzi wezulu awunqamuki, abantu nabo abangaphumuli ekwenzeni okulungileyo. ISabatha alenzelwanga ukuba yisikhathi sokuhlala singenzi lutho. Umthetho uyawenqabela umsebenzi ojwayelekile ngosuku lweNkosi lokuphumula; ukusebenzela inzuzo akungenziwa; awukho emthethweni umsebenzi wokuzijabulisa kwasezweni ngalolo suku; kodwa njengoba uNkulunkulu wakhawula umsebenzi waKhe wokudala, waphumula ngeSabatha, walibusisa, abantu nabo abashiye imisebenzi yabo yansuku zonke, banikele lawo mahora angcwele ekuphumuleni okuphilisayo, ukukhonza, nezenzo zomusa. Umsebenzi kaKrestu wokuphilisa abagulayo wawuhambisana nomthetho ncamashi. Wawuhlonipha iSabatha."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 207.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Ukunakekela imvelo sekuyisihloko sempikiswano enkulu kwezombusazwe emazweni amaningi. Thina njengamaSeventh-day Adventist, singaba kanjani yizinceku ezinhle zendalo ngaphandle kokungena engxoxweni yepolitiki?

❷ Ukusiza abanye kuqala emqondweni. Singawukhulisa kanjani umqondo wokusebenzela ngesihe labo abasizungezile (emindenini yethu, emabandleni, nasemphakathini)? ISabatha lisivulela kanjani amathuba okwenza lokho?

❸ Njalo ngeSabatha siyakhunjuzwa ukuthi bonke abantu badalwa nguNkulunkulu. Liyasisiza ukuthi sibuke abanye ngamehlo kaNkulunkulu. ISabatha kufanele lisisize kanjani ukuba sikhumbule ukuthi ukungafani kwethu ngokwebala, ubuzwe, ngokomnotho, nobulili akusho lutho uma kufikwa odabeni lokwenziwa ngokomfanekiso kaNkulunkulu nokuba izintandokazi zaKhe?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 82 2021/06/21 14:51